

Funda usebenze ngemikhakha yoZolimo, iSayensi kanye nobuNjinela



Funda usebenze ngemikhakha yoZolimo, iSayensi kanye nobuNjinela

Esikhathini esiphila kuso akusekho ukuthi kunemikhakha elungele abesilisa noma abesifazane, uma unothando nogqozi ungaphumelela. Izinga labafundi abenza izifundo zeZolimo, iSayensi nobuNjinela ezikhungweni zeMfundu ePhakeme lincane, lokhu kwenziwa ukuthi abafundi abaningi bacabanga ukuthi lezifundo zinzima, ezabantu abafuna noma abangabanini bamapulazi. Kunenkolelo yokuthi lomkhakha awunanzozo ngokwezimali.

Ungazihlela kanjani ukuze ufundele lemikhakha?

Ukuze ubengumfundu esiKhungweni seMfundu ePhakeme kumele uphase izifundo ezilandayo:-

ISIFUNDO	IZINGA	
	(HG)	(SG)
Izibalo (Mathematics)	E	B
Ulwimi lwesingisi (English Language)	E	B
*Isayensi yezimo (Physical Science)	E	B
*Isayensi yokuphilayo (Biology)	E	B
*Isayensi yezoLimo(Agricultural Science)	E	B

*Kumele uphase okungenani esisodwa sezfundo zeSayensi

Izikhungo zeMfundu ongafunda kuzo KwaZulu-Natal

• Cedara College of Agriculture

• Owen Sithole College of Agriculture (OSCA)

• Durban University of Technology (DUT)

• Mangosuthu University of Technology (MANTECH)

• University of KwaZulu-Natal (UKZN)

• University of Zululand (Ongoye)

• University of South Africa (UNISA)

Kubalulekile uma ukhetha isikhungo ozofunda kuso kube ilesi esizohambisana nezinhoso zakho.

Uxhaso olukhona kubafundi

• SITFE (Sugar Industry Trust Fund for Education)

• Hullett

• u M y a n g o w e Z o l i m o k a n y e nokuthuthukwisa kwemiphakathi

Ukwazi kabanzi ingoxhaso thintana noMeluleki noma uvakashele isigayo esiseduze nawe

Ubani ongakuqasha uma usuphouthule izifundo zakho?

• *Iminyango eyahlukahlukene kaHulumeni (Umnyango weZolimo, owaManzi, ovezemihlabo kanye nowokubuyiselwa KweMihlabo no kuthuthukiswa kwemiphakathi yasemakhaya)*

• *IziKhungo zoCwanningo*

• *IziKhungo zeMfundu ePhakeme*

• *IziKhungo zezoLimo*

• *NGOs (Izinhlango ezingenzinzu)*



May 2017, Vol. 20, No.2

Umthelela wesimo sezulu KWEZOLIMO



OKUQUKETHWE



Isimo sezulu:- Yazi ngezinguqoko zesimo sezulu ngoba zinomthelela ekukhuleni kwestishalo sakho



Oaphela:- Isibungu (Fall Army worm) kanye neBhungayezi (longhorn beetle) elikhahlameza izitshalo



Utshala:- Zilungiselele ukuze ulelo lwakho lokutshala luhambe ngendlela



Ezemfundo:- Ukufundu eZolimo, iSayensi kanye nezobuNjinyla kungakuvulela amathuba amaningezi

ABADIDIYELI
Nqobile Nxumalo, Patrick Ngcobo, Sifiso Hlela, Thulani Masondo & Wayne Mthembu (Umhleli)
Ikhishwa kathathu ngonyaka; January, May nango-September
Imibono nemibuso: Nqobile Nxumalo: 031 508 7511 Email: Nqobile.nxumalo@sugar.org.za

Amalungelo okugopha aukethwe kulo mbhalo. Ayiko ingxene yalo msebenzi engaphinda yenzine nanganoma iyiphi indlelo ngaphandle kwemvume ebhatiwe yomshiceli. Yize yenzine yonke imizamo yokujinisekisa ubugotho bolwazi olushiceliwe kulo msebenzi, iyiKhungo sezoCwanningo ngoMoba saseNingizimu Afrika (SASRI) asizukuthethela ngokuhaleka noma ukulimala okungehlakalela umuntu ngenxa yokulandela ulwazi oluqukethwe lapha. UKutsetshenziswa kwamagama nezikhangisi ezinobunkazi kulumshiceli okungathawa ijengokuquthinkosi/guguguzela ukuthi zisethenziswa.



Ukulungiselela ukutshala

Kunezinyathelo noma izigaba ezidingekayo uma ulungiselela ukutshala umoba ozokunika inzuzo. Yilezi zindlela ezilandelayo ezidingekayo:-

1. Ukwazi uhlolo lomhlabathi

Kukusiza ekutheni wazi ukuthi hlobo luni lomoba ozolutshala kuleyo nsimu ukuze utshale uhlolo lomoba oluhambelana nalowo mhlabathi.



2. Ukuhlola umhlabathi

Ukuthatha i-sampula lomhlabathi kwenzelwa ukuthi umlimi alwazi uhlolo lukamanyolo azolusebenza kanye nesibalo samasaka okumele awafake emhlabathini.



3. Ukufaka isicelo sembewu

Kumele sifakwe kusale unyaka ukuze umdayisi wembewu akutshalele imbewu yakho.



4. Ukwenza uhlalo mali

Kunoma imuphi umsebenzi kumele uqinisekise ukuthi imali eyanele unayo ukuze ube impumelelo.

5. Ukuthenga izinsizakusebenza (umanyolo, izibulalakhula, njl.)

Ngaphambi kokuthenga kumele uqhathanise amanani ukuze wonge. Uma ikhona indlela thenga ngokuhlanganyela nabanye abalimi. Kubalulekile ukuthenga kusesenikhathi ukuze uma usuzidinga zibe seduze.



6. Ukulima kancane

Kukusiza ukuvikela ukuguguleka komhlabathi, kuvikele ukuhwamuka komswakamo emhlabathini bese kukunciphisa izindleko. Uma uzosebenza lolu hlelo lokusebenza kubalulekile ukusebenza izibulalakhula (glyphosate) ukubulala zonke izitshalo ezsuke zimilile.



7. Ukuvula olayini ufake imbewu



8. Ukufaka umanyolo

Ukfaka umanyolo ngokulandela izincomo zakwa-Fertilizer Advisory Services (FAS) kukusiza ekutheni uphe isitshalo sakho imisoco esiyidingayo. Ungafaki umanyolo owoqile noma ongenele ngoba lokho kuzolimaza isivuno sakho. Qikelela ukuthi uzihlinzeka ngomanyolo wokutshala nowokukhuthaza itshalo.



FALL ARMY Worm



Qaphela



ISIBUNGU (LARVAE)



UVEMVANE/IBHU (MOTH)

I-Fall army worm isibungu imvelaphi yalo isuselwa maphakathi nezwe lase-South America kanti futhi lesi sinambuzane siyatholakala mazansi nezwe lase-North America. Lesisibungu noma lelibhu lapha ezwenikazi lase-Africa siqale ukubikwa ngo-2016, sibonakala entshonalanga kanye namaphakathi nezwe lase-Africa, lapho senze umonakalo omkhulu kabi ikakhulukazi embileni. Kusukela lapho ke lesi sinambuzane sesihambe saze satholakala nasezansi nezwe lase-Africa njengoba kulonyaka elimpopo, Gauteng, North West, Mpumalanga, Free State kanye nase-Northern Cape. Emasontweni ambawala edule lesibungu sibikwe embileni endaweni etshala kakhulu umoba eMpumalanga naKwaZulu-Natal kodwa ke besingakatholakali emobeni nakuba sibonakele embileni osondeleno namasimu omoba.

Izitshalo ezsahaqwe yilesibungu kusewu:

- *Mbila*
- *Umbila onoshukela (sweet corn)*
- *Kanye namabele (kuseyizitshalo ezithandwa kakhulu yilesi sibungu)*

Siluhlaza nokumnyama

Sinolayini ebehlayo emzimbeni abamhlophe

Sidla kwasani okuyiqabunga ezitshalweni ezithize

Imvamisa lesibungu awusithoi sisondwa zibaziningi kakhulu ndawonye

Lunsundu ngokombala

Sizalela amaqanda abalewa ku-20 kuya ku- 250 emaqabungeni esitshalo

ka Shukela siyothatha izeluleko kuMnyango weZolimo ezaMahlathi kanye neZokudoba. Ngapezu kwakho konke kunemithi emithathu (Coragen, Avi-Merkaptothion kanye ne-Steward) engasetshenziswa ukulwa nalesisibungu, abalimi bayalulekwa ukuthi lemithi bayisebenzise kuphela uma sesitholakala emobeni.

Abalimi siyanxusa ukuthi bazise abeluleki kanye nethimba lezifo nezinambuzane uma Kukhona abakusolayo emasimini abo. Njengoba sazi **ukuvikela kuncono kunokulapha**.

Okuyingozi kakhulu isibungu ngoba yisona esidla isitshalo. Ibhlu likwazi ukundiza indawo ende, kodwa ke imonakalo udalwa yisibungu lesi esisibiza ngokuthi yi fall army worm. Embileni isibungu senza umonakalo omkhulu emaqabungeni asuke esamila, emaqabungeni aluhlaza asuke esekhona, emaqabungeni la esupe esuka khona esiqwini sombila kanye nakumbila osuke usuthi uyathela. Kunezitshalo ezingaphezulu kwamashumi awu-80 okubikwa ukuthi ziyaadiyi yitesi sibungu kanye nomoba ubalelwu kuzo lezitzhalo.

Ochwepheshe bezocwaningo kanye nabethimba elilwa nezifo nezinambuzane zomoba bami ngomumo ukuqapha lesisibungu emobeni nasezitshalweni ezisondeleno nomoba. Uma kungenzeka lesi sibungu sihlaesele umoba izindlela zokusivikela zimingomumo. Okwamanje njengoba singakangeni emobeni kubalulekile ukuthi sibe sinqandwa ukusabalala ezitshalweni lezi esitholakala kuzo. Umnyango weZolimo neZamahlathi kanye neZokudoba uhlale ukhipha imibiko mayelana naso okungaba wukusabalala nokusivikela. Uma kungenzeka sibe semobeni isikhungo Semboni



Ezinohlonze mayelana neBhungayezi LE-LONGHORN

(January) kutholakale iziphungumangathi kanye namabhungayezi amadala emobeni.

Amabhungayezi abonakale endiza kakhulu ngoNhlanja (February) eya emasimini amasha okwenza ukubebhetheka kwalesinambuzane kube yinto engenzeka. Ibhungayezi lesifazane eliloda lizalela amaquadla abalelwu kwangama-750, okwenza ubungozi bube bukhulu kakhulu.

Emasimini abalelwu kwangama-313 ahlolwa esewonke angamahheka ayi-1752 eNtumeni ibhungayezi litholakale emasimini angama-40 emapulazini amane angamahheka ayi-391. Isibungu sitholakale sekuphela unyaka ka-2015 kodwa ima kulonyaka (2017) ngoMasingana

njengesinambuzane esiyingozi. Ngapezu kwalonko, izinto zokulungisa ezelukahlukene zigazethiwe okubalwa kuzo ukubulala isitshalo, ukusebeniza izibulala – zinambuzane kanye nokunciphisa ukuthuthwa/nyakaziswa komoba ikakhulukazi ukuthuthwa/nyakaziswa nokudayiswa kwembewu.

Isikhungo soCwanningo Lomoba okwamanje senza ucwaningo ukuze siqonde kahle ukuphila kwalesi sinambuzane. Izindlela ezahlukene zokulawula kanye nezokusidiba zisahlolwa. Okwamanje abasebenzi beZifo neziNambuzane kuyo yonke iMboni baqaphile okwenzekayo emasimini.

